TRUTH CENTERED TRANSFORMATION

MODULE 2



UMBUSO KA-NKULUNKULU UMHLAHLANDLELA WOTHISHA

Iqiniso eligxile enguqukweni - iModyuli 2: Umbuso ka Nkulunkulu Copyright ©2020 Version 4. YeReconciled World, yase - Phoenix, Arizona, United States of America. www.reconciledworld.org
Lomsebenzi uyatholakala ngaphansi kwemigomo ye Creative Commons Attribution-ShareAlike 3.0 layisense. Uvunyelwe futhi ukhuthazwa ukuguqula umsebenzi, bese ukopisha, ukusabalalisa, nkudlulisa ngaphansi kwalemibandela elandelayo:

Isichasiso – Kufanele usho lo msebenzi ngokufaka isitatimende esilandelayo: Copyright © 2012. Enyatheliswa yi Reconciled World (www.reconciledworld.org) ngaphansi kwemigomo ye Creative Commons Attribution-ShareAlike 3.0 layisense. Ukuthola eminye imininingwane, bheka www.creativecommons.org.

Akuyona Yentengiso – Awuvunyelwe ukusebenziosa lomsebenzi ngenjongo yokuhweba.

Uma unentshisekelo yokuhumusha lombhalo, sicela uxhumane ne- info@tctprogram.org.
Zonke izingcaphuno zemibhalo , ngaphandle uma kubonisiwe ngenye indlela, zithathwe ebhayibhelini elingcwelwe, naku- New International Version®, NIV®. Copyright ©1973, 1978, 1984, 2011 by Biblica, Inc.TM esetshenziswe ngemvume ye Zondervan. Wonke amalungelo agodlwe emhlabeni wonke. www.zondervan.com The “NIV” and “New International Version” yizimpawu zokuhweba ezibhaliswe ku United States Patent and Trademark Office by Biblica, Inc.TM

Ngaphambi kokuba uqale

Ukulungiselela ukufundisa isifundo

1. Funda **Umhlahlandlela kathisha** ngokucophelela, izikhathi eziningana uma kwenzeka. Gqamisa noma ubhale amanothi ezinhlangothini zamakhasi ukuzikhumbuza amaphuzu abalulekile.
2. Bheka **imibono esemqoka** yesifundo ngasinye ukuze wazi ukuthi abafundi kufanele bafunde ini esifundweni.
3. Funda zonke **izindima** zemibhalo ngaphandle.
4. Hlola ukubona ukuthi iziphi **izinto** ezidingekayo esifundweni ngasinye futhi uqiniseke ukuthi wenza amakhophi emihlahlandlela yabafundi(ama-handouts) futhi wakhe izinsiza-kufundisa ezisetshenziswe esifundweni.
5. Qiniseka ukuthi ujwayelene nomsebenzi ngamunye esifundweni (ukulingisa, imidlalo, izinsiza-kufundisa). Ungazijwayeza nomndeni wakho noma abangane.
6. Zinike isikhathi **sokuthanza** ukuthi uNkulunkulu alungiselele abafundi, ukuze abafundi bezwe lokho uNkulunkulu afuna ukuba bakuzwe, futhi naye akusize ukufundisa izifundo. Khumbula ukuthi kungamandla kaNkulunkulu kuphela lapho sizobona khona abantu beguqulwa

Amacebo awusizo wokufundisa ngempumelelo

1. Fika kusenesikhathi bese usetha izinto zakho zokusebenza nendawo ozoyisebenzisa.
2. Ungasheshi ngezincwadi zokufunda. Hlela isikhathi esanele sokuxoxa, imisebenzi namakhefu. Inhloso ukuthi abantu babe nesikhathi sokuqonda futhi babambe iqhaza kwinqubo yokufunda. Hamba ngejubane kusuka kwisihloko nesihloko esiqinisekisa ukuthi wonke umuntu uyazwisisa. Amanye amamojuli angathatha uhhafuowengeziwe noma usuku lonke.
3. Buyekeza kaningi. Ekuqaleni kweseshini ngayinye ukubuyekezwa kweklasi konke abakufundile kuze kube manjekwimodyuli yokuqeqesha. Ukuphindaphinda kusiza abantu ukuthi bakhumbule lokho okufundiwe
4. Landela umhlahlandlela kathisha kanye namanothi owahlelile.
5. Qiniseka ukufaka zonke izingxenye ezine zesifundo ngasinye.
    a. Yethula isihloko – Imisebenzi izoxhumanisa isihloko nalokho asesbedlule kukho.
    b. Nikezela ngolwazi olusha – Kunezindlela eziningi zokwabelana .ngolwazi olusha
    c. Nika abafundi okuthile okufanele bakwenze ngalokho abakufundile – Imisebenzi ibavumela ukuthi baqonde kangcono ulwazi ngokusebenza nabanye, ukudala okuthile, noma ukusebenzisa ulwazi olusha ngandlela thile.
    d. Xhuma imininingwane ezimpilweni zabo – Lesi isinyathelo sokusiza, esisiza umfundi anqume izindlela ezithile abazosebenzisa ngazo ulwazi olusha ablufundile ezimpilweni zabo. Ukufunda ngaphandle kohlelo lokusebenza akwenzi ushintsho futhi akusizi kakhulu.
6. Buyekeza izimiso zakho zokufunda kwabantu abadala kanye namanye amakhono afundiswa ohlelweni lokuthuthukiswa kwabagqugquzeli .
    a. Nikeza izinkomba ezicacile
    b. Buza imibuzo eminingi evulekile (imibuzo edinga okungaphezulu kwempendulo ethi yebo/cha)
    c. Bonga abantu ngokubamba kwabo iqhaza
    d. Ungatsheli abantu lokho abangakufunda kangcono ngokuzitholela
    e. Yakhela kulokho abntu asebevele bekwazi futhi babona okwenzeka kubo
    f. Bekezela ulinde abantu ukuthi baphendule

7. Khuthaza wonke umuntu ukuthi abambe iqhaza, babelane futhi bazibandakanye kwizingxoxo. Thola izindlela zokukhuthaza ngobumneneabantu abanamahloni ukuthi babambe iqhaza ngaphandle kokubaphoxa.
8. Thandaza usuku lonke ukuze uNkulunkulu embule izinto ezintsha kuwe nakubafundi.

Usetshenziswa njani Lomhlahlandlela kaThisha

1. **Imibono emqoka nezincwadi:** Isifundo ngasinye siqala ngalesi sigaba.
    a. **Imibono esemqoka** – Lena yimibono ebaluleke kakhulu okufanele abafundi bayiqonde ngokucacile ekupheleni kwesifundo ngasinye. Ekugcineni kwesifundo zinike isikhathi sokubuyekeza futhi uqiniseke ukuthi abafundi bayayiqonda lemibono.
    b. **Izincwadi** – Izinto ezithile ezidingekayo zibhalwe kuhlu lwesifundo ngasinye. Ungakhetha ukunikeza amakhophi wonke womhlahlandlela womfundi kumhlanganyeli ngamunye noma yenza inani elincane lamakhophi njengoba kusikiselwe esifundweni ngasinye. Uma ungasebenzisi umhlahlandlela wabafundi, ungabhala amavesi nemibuzo ebhodini elimhlophe noma iphosta noma ubhale amavesi ezicucwini ezincane zamaphepha ngeqembu ngalinye. Futhi siyakhuthaza nokuba nephepha lephosta, ibhodi elimhlophe, noma ibhodi ozolisebenzisa neqembu elikhulu.
    c. Lomhlahlandlela wothisha uzokhombisa ukuthi uzisebenzisa nini lezi zinto :
        i. **UMHLAHLANDLELA WOMFUNDI** – izobhalwa ngalendlela.
        ii. **IZINSIZA KUFUNDISA** – izobhalwa ngalendlela.
2. **Imiyalo Yomgqugquzeli:** Kunemiyalo ekhethekile esifundweni yokukusiza uhole kahle ukuqeqeshwa. Lokhu akuhloselw ukwabiwa nabafundi. Funda lokhu ngaphambili ukuze ulungele ukuhola izingxoxo nemisebenzi. Eminye imibuzo izophinde ibe nezimpendulo ezibhalwe ngomalukeke ukukusiza njengomgqugquzeli ukwazi ukuthi imiphi imibono ongayigcizelela nabafundi. Lezi akuzona kuphela izimpendulo ezinhle, ezinye izimpendulo ezinhle.
3. **Ukuphatha izikhathi ezibekiwe nokushelela:** Izikhathi zesikhathi azifakiwe esifundweni ngasinye.
    a. Thatha isikhathi esiningi esidingekayo ukusiza abantu ukuthi bafunde imibono esifundweni. Kubalulekile kakhulu ukukhathazeka ngalokho abantu abakufundayo kunokuqedela isifundo ngesikhathi esibekiwe.
    b. Khumbula ukushiya isikhathi sokuba abagqugquzeli baqale ngokuzinikela, babelane ngobufakazi, baxoxe ngezinkinga abanazo, futhi bathandaze ndawonye.

Isifundo 1: Umbuso ka Nkulunkulu

Umbono omqoka
Umbuso ka Nkulunkulu unomaphi lapho uJesu eyiNkosi nemithetho yakhe ilandelwa. Umbuso uyakhula lapho abantu abaningi beza ukulalela uNkulunkulu nalapho simlandela ngokuphelele.

Izinto zokusebenza: Azikho

Uyini umbuso ka Nkulunkulu?

INGXOXO YEQEMBU ELIKHULU
Ngesikhathi uJesu ehamba emhlabeni, Wabelana ngohlelo lakhe. Lolu hlelo kukhulunywa ngalo izikhathi ezingu 98 eTestamenteni Elisha. uJesu uthi yiso sonke isizathu sokuthunywa kwakhe, futhi uthuma abafundi bakhe ukuba bayofundisa ngakho. uPawulu wakhuluma ngakho, futhi sikhuthazwa ukuba sikuthanazele.

- Uyazi ukuthi kuyini ?

INGXOXO YEQEMBU ELINCANE
Funda amvesi alandelayo bese uphendula imibuzo:

- uMathewu 10:5-8 yini uJesu ayithuma abafundi ukuthi bazofundisa ngayo?
- uLuka 4:43 – Kungani uJesu athunyelwa?
- Izenzo 1:3 – Wafundisa ngani uJesu phakathi nezinsuku zakhe zokugcina ezingu 40 esemhlabeni?
- Izenzo 28:30-31 – Wafundisani uPawulu?

BIKA EMUVA

Icebo likaNkulunkulu ukwakhiwa kombuso kaNkulunkulu. Njengoba sibona kulamavesi, lokhu kungumnqondo obalulekile bobabili uJesu no Pawulu abawufundisa. Empeleni, lesi isihloko uJesu bekafundisa ngaso ezinsukwini ezingu 40 zakhe zokugcina. Kusobala uma wazi ukuthi unezinsuku ezingu 40 kuphela zokufundisa abantu, ngakho-ke okufundisayo kusobala ukuthi kubalulekile kakhulu. Kufanele ibaluleke nakithi. Kodwa, abaningi bethu abayiqondi inkulumo ethi ”umbuso kaNkulunkulu.”

UMSEBENZI NGABABILI

- Uwuchaza kanjani umbuso kaNkulunkulu kumKrestu omusha?

BIKA EMUVA

Umbuso kaNkulunkulu akunzima empeleni ukuwuchaza. Umbuso ka Nkulunkulu unomaphi lapho uJesu eyiNkosi nemithetho yakhe ilandelwa. Nomaphi lapho sibona khona abantu behamba belalela uNkulunkulu futhi belandela izifiso zakhe, kulapho okunengcezu encane yombuso kaNkulunkulu. Umbuso kaNkulunkulu awuyikufika uphelele kuze kubuye uJesu futhi konke kwenziwe kwaba kusha isono singekho.

uJesu iNkosi yethu

IGXOXO YEQEMBU ELIKHULU

- Inkosi ijwayele ukwenza njani?
- Ucabanga ukuthi uJesu ufana neNkosi yasemhlabeni? Unjani yena? Wehluke kanjani?

uJesu uyiNkosi ENOTHANDO. Wazi konke. Unamandla onke; wadala umhlaba. Unolwazi oluphelele; Uyazi ukutho konke kusebenza kahle kanjani. Ufuna okuhle kakhulu emhlabeni nathi sonke esikuwo. Imithetho yakhe yenzelwe thina.

Lalela lendaba ngeNkosi yeseThailand.

iThailand umbuso! iNkosi eyedlule,iNkosi uBhumibol Adulyadej, wayeyiNkosi enhle futhi ethandwa ngabantu bonke. Yize manje eseshonile, abntu basakhuluma ngaye ngothando olukhulu. Uthe uyawuthanda umbala ophuzi, ngalokho-ke abantu bonke bebegqoka amahembe aphuzi ngomsombuluko. Uthe unkosikazi wakhe uthanda umbala onsomi , abantu abaningi bebegqoka amahembe ansomi ngoLwesihlanu. **Ubethandwa futhi ehlonishwa** kangangoba ukusho nje ukuthi uthanda umbala kuthinte indlela abantu abagqoka ngayo . Ngasikhathi sinye sokubusa kwakhe, amasosha athatha ubuhulumeni eThailand. Bekukhona ukulwa emigwaqweni. Abalandeli bakahulumeni belwa nabalandeli bamasosha. Wonke umuntu wayekhathazekile ukuthi kuzoba kubi kakhulu. Yabe isikhuluma iNkosi. Utshele wonke umuntu ukuthi bayeke ukulwa bazilungiselele ukuba nokhetho. Ukulwa kwaphela ngokushesha. Akekho awabuza iNkosi; benza nje akushoyo. Noma ngabe besazizwa bethukuthele, bekungenandaba. Inkosi yayikhulumile futhi ukujabulisa iNkosi kwakubaluleke ngaphezu kwemizwa yabo.

- Izifiso zeNkosi zakuthinta kanjani ukuziphatha kwabo?
- Wake wayazi iNkosi enje?
- Kungani abantu belalele iNkosi? Bekungenxa yokwesaba noma uthando?
- Ingabe siphatha iNkosi uJesu njebantu baseThailand abaphatha iNkosi yabo? Ingabe sifuna ukumjabulisa kukho konke esikwenzayo?

Siyingxenye yombuso kaNkulunkulu, futhi uJesu uyiNkosi yethu. Kufanele sifune ukujabulisa iNkosi yethu uJesu futhi sense noma yini ayishoyo ngendlela efanayo nabantu baseThailand abazama ngayo ukujabulisa iNkosi yabo. Uma abantu baseThailand beyithanda iNkosi yabo kangangoba noma ethi uthanda umbala angaba nomthelela endleleni abantu abagqoka ngayo, akufanele yini izimpilo zethu zithinteke kakhulu uthando lwethu lweNkosi uJesu?

Ubizo lukaNkulunkulu lokwakha uMbuso Wakhe

INGXOXO YEQEMBU ELIKHULU

Funda uMathewu 6:9-10

- Yini uJesu asicela ukuba siyikhulekele?
    - *Umbuso wakhe mawufike nentando yakhe yenzeke.*

uNkulunkulu ufuna ukwakha umbuso wakhe lapha emhlabeni. Kunezindlela ezimbili ezisemqoka esingakha ngazo uMbuso kaNkulunkulu.

1. Ukwandisa inani labantu embusweni kaNkulnkulu ngokubona abantu besindiswa.
2. Ukubona intando kaNkulunkulu yenziwa kakhulu ngabantu.

Uma sifuna ukubona intando kaNkulunkulu yenziwa kakhulu, sidinga ukubona abantu abaningi besindiswa futhi belalela uNkulunkujlu, futhi kudingeka siphile ngendlela uNkulunkulu ayehlose ngayo **kuzo zonke** izingxenye zempilo yethu. Ekuqeqeshweni okulandalayo sizobheka ngokugxilile ukushunyayelwa kwevangeli. Kepha okwamanje kubalulekile ukukhumbula ukuthi sidinga ukwaba izindaba ezinhle zikaJesu nalabo abangakabi amaKrestu.

Ubizo lukaNkulunkulu lokulalela ezintweni zonke

IGXOXO YEQEMBU ELIKHULU

Funda KwabaseKolose 3:17 and 1 KwabaseKorinte 10:31.

uNkulunkulu ufuna simjabulise futhi simhloniphe ngaso sonke isikhathi. Lamavesi asitshela lokhu, noma yini esiyenzayo, kufanele sikwenze ukuletha udumo kuNkulunkulu. Womabili la mavesi aphinda umqondo ‘ wakho konke esikwenzayo .’ KwabaseKolose: ‘**nanoma** yini oyenzayo, **kungezwi noma ngomsebenzi**, kwenzeni konke

egameni leNkosi uJesu, nimbonge uNkulunkulu uYise ngaye.'KwabaseKorinte: 'Ngakho-ke **noma nidla, noma niphuza** noma nenzani konke kwenzeleni udumo lukaNkulunkulu.' uPawulu uyakuphinda lokhu ngoba ufuna siqonde ukuthi kukho konke kufanele silethe udumo kuNkulunkulu.

- Ucabanga ukuthi singaletha njani udumo kuNkulunkulu ngendlela esidla ngayo?
    - *Idla ngokubonga , ungakhalazi. Bonga uNkulunkulu ngalokho onakho.*
    - *Khuthazanani lapho nidla*
    - *Mema abanye abangenakho okwanele, noma badinga inkuthazo ukuthi badle nawe*
    - *Qiniseka ukuthi ukudla okukhona kwabiwa ngokulingana emalungwini omndeni*

UMSEBENZI WEQEMBU ELINCANE

Imiyalo Yomngqugquzeli: *Dweba ishadi elilandelayo ebhodini. Bhekisisa izibonelo ezimbili zokuqala ndawonye. Bese nisebenza ndawonye njengeKlasi ukubhala uhlu lomsebezi ovamile ongaphezu kwa10. Hlukanisa iklasi libe ngamaqembu amancane bese unika iqembu ngalinye elincane eminye yemisebenzi ukuze baxoxe ngokuthi yini abazoyifaka kukholamu yesibili neyesithathu.*

Umsebenzi ngamunye cabanga ngalokhu:

- Sinjani isimo somqondo sabantu abenza lomsebenzi?
- Ungawenza kanjani ukuletha udumo kuNkulunkulu?

Umsebenzi	Isimo sengqondo esivamile	Izenzo zesikhathi esizayo zokudumisa uNkulumkulu
Ukuwasha izitsha noma izimpahla	*Ukwenza masisha bese ukhalaze*	*Ngizokwenza umsebenzi ongcono ukuzenza zihlanzeke kangcono. Ngizomhubela uNkulunkulu, ngimbone Yena ukuthi ngiyakwazi ukusebenza, futhi ukuthi lomsebenzi owakhe.*
Ukususa ukhula ensimini	*Ukhula oluningi lusele ngoba lungumsebenzi onzima. Abantu bavame ukuqala sekwedlule isikhathi futhi bangawuqedi umsebenzi.*	*Ngizoqala ngisuse lonke ukhula. Ngizomhubela uNkulunkulu ngenkathi ngisebenza futhi ngiziqhenye ukuthi ngenze umsebenzi omuhle emndenini wami nakuNkulunkulu.*

Isiphetho

uJesu uyiNkosi yethu. Unothando, unamandla, iNkosi ehlakaniphile. Ufisela okuhle kubantu bakhe. Njengabalandeli bakhe kufanele silalele imithetho yakhe kuyo yonke imikhakha yezimpilo zethu. Omunye waleyo mithetho ukujletha udumo kuye kukho konke esikwenzayo.

Ukucabanga komuntu ngamunye

Buyekeza uhlu lwemisebenzi yansuku zonke. Khetha imisebenzi emi 2 yansuku zonke lapho ufuna ukuletha kuNkulunkulu udumo oluningi. Zibophezele ekusebenzeni kulezi zindawo ezinyangeni ezimbalwa ezizayo.

UMTHANDAZO

Zinike isikhathi sokuthandazela ukuthi uNkulunkulu asisize sakhe uMb uso wakhe futhi enze izinhlelo zethu zisebenze.

Isifundo 2: Usiko LoMbuso

Umbono Omqoka
Ibhayibheli lisifundisa ukuthi siphile kanjani njengabantu baseMbusweni.

Izinto zokusebenza

1. Umhlahlandlela womFundi: Iphepha lokusebenzela lamagugu oMbuso(Phrinta iqembu ngalinye)

Funa kuqala umbuso kaNkulunkulu

INGXOXO YEQEMBU ELIKHULU
Funda uMathewu 6:25-33.

- Abantu bebakhathazeke ngani?
- Ingabe izinto zesimoya noma ezinto ezijwayelekile?
- Beyithini impendulo kaJesu?
- Ucabanga ukuthi uJesu bekaqondeni? Singawufuna kanjani umbuso kaNkulunkulu ezintweni zonke?

Kungadida ukucabanga ukuthi lapho abantu beza kuJesu bezomtshela ukuthi bakhathazekile ngokuthi bazodlani futhi bazophuze ini, impendulo Yakhe yathi, 'Funa kuqala uMbuso kaNkulunkulu.' Kusho ukuthini lokho? Kusho ukuthi akufanele nanini sicabange ngalezi zinto, kodwa sichitha isikhathi sethu senza izinto zikamoya njengokuthandaza, Uma sikwenzile, bekuyoba impilo ephelele?

Ngenhlanhla yethu kwakukhona umuntu owayephila impilo ephelele futhi wenza nentando kaNkulunkulu ngaso sonke isikhathi : uJesu(NgokukaJohane
14:31). Enye yezindlela esingazi ngayo ukuthi sifuna kanjani kuqala uMbuso kaNkulunkulu ukubheka impilo yakhe.

INGXOXO YEQEMBU ELINCANE
Bheka lamavesi. Zisifundisani ngezinye zezinto uJesu azenza?

- NgokukaMarku 6:3 – *uJesu wayen guMbazi.*
- NgokukaJohane 21:9-14 – *uJesu waphekela abafundi bakhe isidlo.*
- NgokukaMarku 1:35 – *uJesu wathandaza eyedwa.*
- NgokukaMarku 4:38 – *uJesu waphumula.*
- NgokukaJohane 2:1-2 – *uJesu waya emshadweni.*
- NgokukaMarku 2:15 – *uJesu wayedla endlini yomngane wakhe. (Futhi abantu abaningi babelapho. Bokuwumcimbi wesidlo sakusihlwa.)*
- NgokukaMathewu 14:14 – *uJesu waphilisa abantu.*
- NgokukaMarku 1:39 – *uJesu wayehamba, efundisa, futhi exosha amadimoni.*

uJesu wenza konke kusukela ekufundiseni izixuku, nokuphekela abafundi isidlo, nokuba umbazi. Ngazo zonke lezikhathi beka hola impilo ephelele, hayi kuphela uma efundisa noma ephilisa. Awukaze ube khona umzuzu empilweni kaJesu lapho ayengaphandle kwentando kaNkulunkulu ngempilo yakhe.

Njengoba sizama ukufuna kuqala umbuso kaNkulunkulu , lokho akusho ukuthi sithandaza ngaso sonke isikhathi noma simane sishumayela. Kusho ukuthi konke sikwenza ngezindlela ezijabulisa uNkulunkulu futhi a udomo kuye.

Umthombo wethu

INGXOXO YEQEMBU ELIKHULU

- Singakufunda kanjani ukuphila ngezindlela ezijabulisa uNkulunkulu?
    - *Ibhayibheli!*

Kwesinye isikhathi lapho sithenga okuthile okuyigugu, sithola ibhukwana elisitshela ukuthi isetshenziswa kanjani. Ibhukwana libhalwe yinkampani edale futhi yakha umkhiqizo. Bayazi ukuthi bayisebenzisa kanjani ukuze isebenze kahle kakhulu futhi ihlale isikhath eside kakhulu. Uma sifuna imiphumela emihle kakhulu kumkhiqizo weth omusha kungcono ufunde ibhukwana.

NakuNkulunkulu kuyefana. Wadala umhlaba wawenza. Wasidala wasenza. Uyazi ukwenza nezimpilo zethu kube ngcono kakhulu, futhi ubhale ibhukwana lemiyalo. Ibizwa ngeBhayibheli. Kuyo usitshela indlela yokuphila kuzo zonke izingxenye zempilo yethu . iBhayibheli linayo yonke imiyalo nokuhlanipha esikudingayo ukwelapha umhlaba wethu ophukile nemiphakathi. Sidinga ukufunda, ukuqonda nokusebenzisa okubhalwe lapho kuyo yonke imikhakha yezempilo zethu uma sifuna impilo engcono kakhulu futhi uma sifuna ukubona umphakathi wethu ushintsha.

INGXOXO YEQEMBU ELINCANE (Ungakukhetha)

- Iziphi ezinye iziyalo, imithetho, noma imiyalo esiyibonile eBhayibhelini?
- Ucabanga ukuthi le miyalo ingahle ibe usizo kanjani kithi?

BIKA EMUVA

Ukusebenzisa iBhayibheli kuzo zonke izingxenye zempilo yethu

uNkulunkulu usinikeze iBhayibheli, elisitshela ukuthi kufanele siphile kanjani ngendlela ejabulisa uNkulunkulu. Uma sizomlalela uNkulunkulu kuzo zonke izingxenye zempilo, lapho-ke sidinga ukuqonda lokho iBhayibheli elisifundisa khona. Kufana noma kuhluke kanjani kumasiko noma emasikweni ethu? Sidinga ukwazi izindlela zikaNkulunkulu uma sizokwakha uMbuso kaNkulunkulu lapha emhlabeni.

UMSEBENZI WEQEMBU ELINCANE

Imiyalo Yomngqugquzeli: *Qala ngokwenza mugqa wokuqala njengesibonelo seqembu elikhulu. Bese uhlukanisa ngamaqembu amancane. Nikeza iqembu ngalinye engu 3-4 ukuthi basebenze kuyo futhi ubazise, uma beqeda kusenesikhathi, bangakhetha eminye imigqa noma bagcwalise.*

Gcwalisa ithebula **KUMHLAHLANDLELA WOMFUNDI.** Entweni ngayinye cabanga ngalokho isiko lakho elihlala likusho. Bese ubheka amavesi bese ubona ukuthi iBhayibheli lithi kufanele senzeni.

BIKA EMUVA

Lapho amaqembu amancane eseqedile, bhekisisa ithebula umugqa ngomugqa, bese uthola amaqembu agcwalise umugqa ukuthi babelane.

Igugu	Umbhalo	Amasiko ethu/ Ubuciko	Umbuso kaNkulunkulu
Kufanele abaHoli baziphathe kanjani	uMathewu 20:25-28	Abantu bakhonza abaholi. Abaholi batshela abantu ukuthi benzeni.	Abaholi bakhonza abantu

Indlela okufanele uziphathe ngayo njengeNdoda	KwabaseKolose 3:19 1 KaPetru 3:7 Kwabase-Efesu 5:25, 28, 33		
Indlela yokuziphatha njengowesiFazane	uGenesise 2:18 Kwabase-Efesu 5:22-24, 33		
Siziphatha kanjani izingane	AmamHubo 127:3 Kwabase-Efesu 6:4		
Sibaphatha kanjani abantu	uMathewu 22:36-40 uLuka 10:25-37		
Uziphatha njani izitha	uLuka 6:27-31		
Isimo sethu sengqondo sokusebenza	KwabaseKolose 3:22-4:1 Kwabase-Efesu 6:7-8		
Indlela esibheka ngayo imvelo	AmaHubo 24:1 uGenesise 1:28-30 uGenesise 2:15		
Into ebaluleke kakhulu	uMathewu 6:25-34 uMathewu 22:36-40		
Indlela esibheka ngayo isifo nokufa	uJohane 11:25-26 AmaHeberu 2:14-15 Isambulo 1:17-18		
Indlela esibheka ngayo inhlupheko	uLuka 6:22-23 2 KwabaseKorinthe 1:8-11		

INGXOXO YEQEMBU ELIKHULU

- Yikuphi kulokhu okwakuyisiko lwakho noMbuso kaNkulunkulu ofana kakhulu? Oluphi oboluhlukile kakhulu?
- Zikhona ezinye izindawo ongazicabanga lapho isiko lethu nalokho okushiwo yiBhayibheli kuhlukile khona?
- Singaqala kanjani ukushintsha izimpilo zethu ukuze izimpilo zethu zibonise kangcono lokho iBhayibheli elisitshela ukuthikufanele sikwenze?

Isiphetho

Ziningi izinto ezinhle ngamasiko ethu. Amanye amasiko afundisa abantu ukukhonzana, amanye afundisa ngokubaluleka komndeni nokunakekela abadala bakho. Amanye akhuthaza ukusebenza kanzima nokusebenzisa lokho uNkulunkulu asinikeze kona kahle. Kepha wonke amasiko anezindawo ezithile ezingahambisani neBhayibheli. Uma sifuna ukuhamba ngokulalela uNkulunkulu, siding ukubheka izindawo lapho iBhayibheli lihluke khona esikweni lethu. Zama ukucabanga ngokuthi ungalingisa kanjani ukuba njengemfundiso yeBhayibheli ncamashi futhi ungalandeli nje isiko lakho.

Bheka emuva kumashadi esiwenzile phambilini; kukhona indawo eyodwa noma ezimbili lapho wena uqobo ungazama ukushintsha?

Isifundo 3: Ukuqonda kweBhayibheli Ngomsebenzi

Umbono Omqoka: Izinhlobo ezahlukene zomsebenzi zingaluletha udumo kuNkulunkulu. Sidinga ukwenza umsebenzi wethu ngezindlela ezihlonipha uNkulunkulu.

Izinto zokusebenza

1. Umhlahlandlela womFundi: Ukuqonda kweBhayibheli ngemibuzo yomsebenzi

Isingeniso

INGXOXO YEQEMBU ELIKHULU

- Umsebenzi ubhekwa njengokulungile noma okubi?
- Yiziphi ezinye izaga olimini lwakho mayelana nomsebenzi?

Funda uGenesise 1:28.

- Kwakuyini imiyalo yokuqala uNkulunkulu ayinika uAdamu?
- Lokhu kwakungaphambi noma ngemova kokona kuka-Adamu ngokudla isithelo?

Funda uGenesise 2:2.

- Yini uNkulunkulu aphumula kuyo?

Funda uMarku 6:1-3.

- Wawuyini umsebenzi awufundele uJesu phambi kokuba Aqale ukufundisa?

Njengoba sibona kulawa mavesini, uNkulunkulu wasebenza futhi, njengoba senziwe ngomfanekiso kaNkulunkulu, senzelwe ukuthi sisebenze. Kusukela ekuqaleni kwesikhathi,nga phambi kokuba isono singene emhlabeni, umuntu wayesebenza.

Isithunzi sokusebenza

Engcwadini kaRuthe, sifunda ukuthi uRuthe ubalekela indlala noninazala futhi uhlupheka kakhulu. Babuyela eMowabi ngoba bebezwili kunokudla lapho. uRuthe uthola umsebenzi ensimini kaBowazi, onentshisekelo kuye futhi ozwile ngalokho akwenzele uninazala.

Funda uRuthe 2:15-16.

- Wenzani uBowazi ukusiza uRuthe?
- Ucabanga ukuthi kungani angamnikanga ukolweni nje?
    - *Ngoba senzelwe ukusebenza, ngakho-ke ngenxa yalokhu siuthola isithunzi ekusebenzeni kunokuba ngumamukeli wesisa senhliziyo. Ngokwenza lokhu, uBowazi wanikeza uRuthe isithunzi.*

uNkulunkulu uhlose ukuba sisebenze ngokuzimisela

INGXOXO YEQEMBU ELINCANE

Imiyalo yomngqugquzeli: *Sebenzisa* ***Umhlahlandlela Womfundi*** *ngemibuzo yamaqembu amancane.*
Yeziphi ezinye izizathu zokusebenza? Funda amavesi alandelayo neminye imiqondo onayo manje ngalesisifundo.

- 1 KwabaseThesalonika 4:11-12 – *Impilo yenu izohlonishwa ngabanye futhi ningabi abasweleyo.*

- 1 KuThimothewu 5:8 – *Nondle imindeni yenu.*
- KwabaseEfesu 4:28 – *Nibe nothoukunikeza abaswelayo.*

BIKA EMUVA

INGXOXO YEQEMBU ELIKHULU

- Ucabanga ukuthi uNkulunkulu usibekele ukuthi sisebenze?
- Umuphi umqondo ojwayelekile abantu abanawo ngomsebenzi?
- Mqondo muni ocabanga ukuthi kufuneka sibe nawo mayelana nomsebenzi?

Inhloso kaNkulunkulu ukuthi sonke sisebenze. Nangaphambi kokuba isono singene ezweni uAdamu wayenikezwe umsebenzi wokulima. Nxa sisebenza, siyakhona ukondla imindeni yethu futhi sinike abampofu kanye nebandla. Ukusebenza kuletha ukuhlonipheka futhi kusenza sikhonzane ngamakhono ethu.

Yonke inhlobo yomsebenzi idumisa uNkulunkulu

INGXOXO YEQEMBU ELIKHULU

- Ngokwamasiko ethu, ingabe ikhona imihlobo yemisebenzi abaluleke kuneminye? Yini eyenza ukuthi ibaluleke kakhulu?

- Msebenzi muni uNkulunkulu awupha uAdamu? *(Ukusebenza ensimini nokuqamba izilwane – uGenesise 2:15-20)*
- Msebenzi muni uNkulunkulu awunika uNowa? *(Ukwakha umkhumbi – uGenesise 6:13-14)*
- Msebenzi muni uNkulunkulu awunika uGideyoni? *(Ukuhola impi ebhekene nesitha sakwaIsrayeli – Abahluleli 6:14)*
- Msebenzi muni uNkulunkulu awunika uMose? *(Ukukhipha abantu bakaNkulunkulu ezweni laseGibithe - uEksodusi 3:10)*

- Ucabanga ukuthi uNkulunkulu bekangakhetha uma lababantu baye bahola ibandla noma bashumayele intshumayelo kunokuba benze umsebenzi bekabanike ukuthi bawenze?
- Ucabanga ukuthi uNkulunkulu bekaba bhekela phansi laba bantu noma bebangabalulekile kakhulu kunabaPristi? isifaniso,
  Umsebenzi kaMose wawungabalulekile kuna lowo kaAaroni?

Umqondo wokuthi eminye imisebenzi iphezulu futhi eminye iphansi akukho eBhayibhelini. Lomqondo wawuyinxenye yamasiko wamaGreki owawugqugquzela amaKrestu kwaze kwaba sesikhathini senguquko. AmaGreki ayekholelwa ukuthi izinto zesimoya zaziphezulu futhi zihlonipha kakhulu uNkulunkulu ezinye bezibhekelwa phansi futhi zingabalulekile kuNkulunkulu.

Noma-ke, lena akuyona indaba eseBhayibhelini. iBhayibheli liqala nguNkulunkulu edala izulu nomhlaba. Ku Genesise 2:8 sibona uNkulunkulu etshala insimu. Masisebenza ensimini, masikhumbule uNkulunkulu wayengumlimi wokuqala. Senza lokho uNkulunkulu akwenza eminyakeni emininga eyedlule. Futhi futhi uNkulunkulu ubize abantu ukuthi bamkhonze ngezindlela ezahluka-hlukile. UsesenguMshumayeli noma uMvangeli kusese wumsebenzi ohloniphekile, kanjalo nomlimi, ukufuya, ukuba ngumbazi, noma ukuba uthisha. Asidingi nje kuphela abantu abafundisa ngezoMoya kodwa nabakhulisa izitshalo ukuthi sidle, ukwakha inda wo yokuhlala, nokufujndisa izingane zethu.

uBhuti Lawrence

INGXOXO YEQEMBU ELIKHULU

Ngezikhathi zo 1608 kwazalwa indoda kwelaseFrance. Wab nguMkrestu ngeminyaka yeshumi nesishagalolunye futhi, kwiminyaka yamashuki amabili akhe, wanquma ukuthi ufuna ukunikela impilo yakhe kuNkulunkulu yonke ngokuphelele. Wangenela imonastery kulapho waqanjwa igama lika Bhuti Lawrence. Wayecabanga ukuthi ngokuhlala kwiMonastery uzochitha isikhathi sakhe sonke ethempelini ekhuleka futhi ekhonza uNkulunkulu. Noma-kunjalo, wazithola enikezwe umsebenzi wasekhishini. Iminyaka eyishumi wayezonda ukuba sekhishini abanye bekwiChapel. Wayezonda ukunikwa lomsebenzi ongabalulekile.

INGXOXO YEQEMBU ELINCANE

Imiyalo Yomgqugquzeli: *Sebenzisa* ***umhlahlandlela Womfundi*** *imibuzo yeqembu lengxoxo elincane.*

- Uma uye wahlangana noBhuti Lawrence kuleminyaka eyishumi, esiphi isaluleko obongamnika sona?
- Ucabanga ukuthi ukusebenza kwaBhuti Lawrence ekhishini kwakungabalulekile ukudlula ukukhuleka kwamaMonks kwiChapel?
- Funda amavesi alandelayo bese ucabanga asebenza kanjani kulesimo:
    - 1 KwabaseKorinthe 10:31
    - KwabaseKolose 3:23

BIKA EMUVA

Emveni kweminyaka eyishumi esekhishini, uBhuti Lawrence kwamncacela ukuthi bekangamkhonza futhi amdumise uNkulunkulu noma kuphi. **Yini eyamguqula?** Ubesazi manje ukuthi indlela ayenze ngayo umsebenzi, kanye nesimo sengqondo yakhe mayelana ngomsebenzi kwakungayo indlela yokumhlonipha nokukhazimulisa uNkulunkulu!

uBhuti Lawrence wahlala ekhishini, kepha manje ezizwela ukuthi usebukhoneni bukaNkulunkulu khona lapho—ephila ngokumlalela uNkulunkulu futhi emkhonza uNkulunkulu ngokuwasha izitsha—kungathi bekakhonza kwiChapel.

Ibhayibheli liyasibonisa ukuthi uNkulunkulu unaka kakhulu ukuthi **senza izinto kanjani** kunokuba yini esiyenzayo. Kuphela-nje lokho esikwenzayo kungesikho isono, noma umuphi umsebenzi esiwenzayo ungasetshenziswa ukuletha udumo kuNkulunkulu.

INGXOXO YOZAKWETHU

- Uma imisebenzi yonke imhlonipha uNkulunkulu, ngakho-ke kuwuthinta kanjani indlela yokucabanga kwakho ngomsebenzi
- Ingabe lokhu kushintsha indlela owenza ngayo umsebenzi?

uNkulunkulu uyakukhathalela indlela esiyenza ngayo umsebenzi

Yize iBhayibheli alivezi ukuthi eminye imisebenzi ibaluleke kakhulu noma ibaluleke kancane, iBhayibheli linakho okuningi elukushoyo ngokuthi siyenza kanjani imisebenzi yethu. Kuyinxenye ebalulekile yezinsuku zethu—sisebenzisa isikhathi esiningi sokuvuka kwethu sisebenza, kufanele siqaphelisise ukuthi siwenza kanjani umsebenzi wethu.

INGXOXO YEQEMBU ELINCANE

Bheka amavesi alandelayo. Ingabe lamavesi asifundisani ngomsebenzi? Finqa umqondo obalulekile emgqeni owodwa **kuMHLAHLANDLELA WOMFUNDI**.

- 2 KwabaseThesalonika 3:10-12 – *Mawungasebenzi, awudli.*
- Izaga 10:4 – *Isandla esinobudenge siveza ubumpofu, kepha isandla sokukhuthala siyacebisa.*

- Izaga 19:15 – *Ubuvila bushonisa ebuthongweni obunzima, nesidenge siyalamba.*
- Izaga 21:25 – *Labo abanqaba ukusebenza bazilethela ukufa .*

Ucabanga ukuthi lelivesi lisifundisa ngani kufanele siwenze kanjani umsebenzi?

- KwabaseKolose 3:23 – *Sebenza ingathi usebenzela uNKulunkulu.*

BIKA EMUVA

iBhayibheli licacile—kufuneka sisebenze ngokuzikhandla singabi amavila. Sidinga ukwenza umsebenzi wethu ingathi uNkulunkulu UMPHATHI wethu!

INGXOXO YEQEMBU ELIKHULU

Isikhathi esiningi empilweni kaJesu ube ngumbazi. Cabanga uma bowungambona enguMbazi.

- Ucabanga ukuthi izinga lomsebenzi wakhe bewunjani?
- Cabanga uma bowusebenza naye kundawo yokusebenza: Bekuzobe kunjani ukusebenza endaweni yokusebenza njengoJesu?
- Ubezoziphatha kanjani ebudeni bemini?
- Ubezoziphatha kanjani lapho kungekho ombhekile?

Ngesikhathi senguquko, inguquku emangazayo yenzeka ngendlela amaKrestu bewenza umsebenzi wawo. Okokuqala ngqa,abantu baqala ukufunda iBhayibheli ukubona ukuthi lisebenza kanjani empilweni yabo yemihla-ngemihla. Ngalesosikhathi, uma umbazi enze itafula, uzoqinisekisa ukuthi ungemphansi wetafula wawumuhle njengophezulu wawo. Wayethi uNkulunkulu uyawubona umphansi wetafula kalula njengaphezulu, futhi uMbazi wayesebenzela ukujabulisa uNkulunkulu. Izinto ebezikhiqizwa ngalesosikhathi beziphakathi kweminye imikhiqizo ebeyisezingeni eliphezulu ezake zenziwa.

INGXOXO YEQEMBU ELINCANE

Imiyalo Yomgqugquzeli: *Cela iqembu ngalinye likhethe umsebenzi (isibonelo: uthisha, umlimi, okl) bese wenza ukulingisa okubili omunye abonisa umuntu enza umsebenzi ngendlela eletha udumo kuNkulunkulu, omunye abonise umuntu owenza umsebenzi ngendlela engalethi udumo kuNkulunkulu.*

Yenzelani ukulingisa iqembu lonke.

INGXOXO YEQEMBU ELIKHULU

Emveni kokulingisa ngakunye xoxani:

- Eziphi ezinye zezindlela ozibone kumuntu eziletha udumo kuNkulunkulu kumsebenzi owesilisa noma owesifazane?
- Eziphi ezinye zezindlela ozibone kumuntu ezingalethi udumo kuNkulunkulu kumsebenzi owesilisa noma owesifazane?
- Eyiphi yeminye imibono ebeyingathasiselwa kuhlu ngalunye ?

Isiphetho

Ukuzihlolisisa

Cabanga ngomsebenzi wakho. Eziphi yezinye izindlela odumisa ngayo uNkulunkulu emsebenzini wakho? Cela uNkulunkulu akubonise izinto ezithile ongazenza kangcono ukumhlonipha Yena kakhulu.

Isifundo 4: Imiphakathi Yombuso

Umqondo osemqoka: Umbuso kaNkulunkulu akufanelanga wenze umehluko ezimpilweni zethu kuphela kepha nasemphakathini wethu futhi.

Izinto zokusebenza

1. Umhlahlandlela Womfundi: Imibuzo ezoxoxwa ngoMbuso osemhlabeni
2. Amashadi amakhulu wamaphepha
3. AmaKrayoni namakhokhi

uJesu njengomholi womphakathi

INGXOXO YEQEMBU ELIKHULU

Ake ucabange uJesu engumholi womphakathi wenu?

- Ucabanga ukuthi angaguqula ini?
- Yini ebeyizohlala injalo?

Imiyalo yomgqugquzeli: *Uma iqembu libheke kuphela ukuqugula abaholi bePolotiki, bakhumbuze ukuthi uJesu akazange aguqule abaholi bePolotiki ngenkathi esesemhlabeni. Abafundi bonke bebebheke ukuthi achithe isakhiwo sezepolotiki; kodwa-ke, akazange.*

Uma iqembu lisokola ukucabanga imibono ngalokho ungasebenzisa lemibuzo ukugqugquzela ingxoxo:

- uJesu bekangenzani ngabafelokazi nezintandane?
- Bekangaqinisa kanjani imindeni?
- Bekangagqugquzela kanjani ukuphuzwa kwamanzi ahlanzekile, izindlu ezakhiwe kahle nokudla, ezomtholampilo, udodi kanye namanzi wangasese, nemigwaqo engcono?
- Bokuzo kwenziwani ngemfundo yabantwana nabadala?
- Bekazo kwenzani ngeziminzi zotshwala, ukusetshenziswa kwezidakwa mizwa, ukugambula, and other addictions?
- Bekazo kwenzani ngokuhlukumezeka kwabaganeneyo nabantwana?
- Bekazo thuthukisa kanjani ubudlelwano phakathi kwabantu?

Umbuso emhlabeni

eBhayibhelini siyabona isibonelo ukuthi bokunga kanjani uma umphakathi wabakholwayo uqala ukumamela uNkulunkulu kuzozonke izinto futhi bakhe uMbuso kaNkulunkulu.

INGXOXO YEQEMBU ELINCANE

Funda Izenzo 2:42-47, Izenzo 4:32-35 bese uphendula imibuzo ekemhlhlandlela Womfundi.

- Enzeni amakholwa amasha?
    - *Baqinisela njalo esifundisweni sabaphostoli (belalela izindlela zikaNkulunkulu), behlanganyela njalo-njkalo, babelana ndawonye, bethandaza, bedumisa uNkulnkulu, gave to those in needbepha abasweleyo, bebelana ngeVangeli.*
- Ingabe lezinto ezomoya noma ezenyama? *(Kokubili)*
- Yaba yini imiphumela?
    - *Wayengekho oswelayo, babethandake abantwini, futhi abantu abaningi baphenduka amakholwa.*
- Eyiphi imiphumela okufanele siyibone emphakathini wethu uma sinobudlelwano njengaba zalwane bakuqala?

BIKA EMUVA

INGXOXO YEQEMBU ELIKHULU

Cabanga uma imiphakathi yethu ibifana naleyo yebandla lakuqala—ukuthi abaniningi beza kuKrestu behamba ngokumlalela, ukuthi besabelana nesinakho, futhi babengekho abaswelayo phakathi kwethu. Leli akulona iphupho elingenzeki. Yenzeka ngesikhathi lebandla lakuqala, kepha nathi sizibonele namuhla kumhlaba jikelele.

Asifunde izindaba ngezindawo ezimbili ebezifuna ukwakha uMbuso kaNkulunkulu.

Indaba 1: Indoda kwelase Ndiya yahamba iyovakasha esigododini lapho yayi sebenza khona. Wabuza uwesimame wasesigodini ukuthi umphakathi wabo bowuzo bukeka njani uma uJesu bekangumholi wesigodi. uSara, omunye wesifazane obekazikhulumela, wachaza ngesigodi asinaso-ubunye nokubambisana. Ubazi ukuthi uJesu akahlonishwa ngenxa yokuhlukana komphakathi wakhe. Umndeni ngamunye ubuziphilele. Ngenxa yempendulo yakhe, iqembu lobasifazana basungula ikomiti lezempilo kanye neqembu likamasisizane. Abesifazane abalishumi nane beqembu likamasisizane baqala behlangana njalo ngogqozi olukhulu. Amalunga eqembu aqoqa izimadlana abazilondolozele youna ngamaunye bayifaka kuAccount yeqembu baqala baxazulula izinkinga zomphakathi bebonke. uSara waba nguMongameli weKomiti esebenzisa isipho sakhe sobuholi ehlela futhi ehlanganisa abasemakhaya ukwenza izinto ezinhle uma uJesu bekengumholi

Indaba 2: Izintokazi eziphuma esifundweni seBhayibheli baseUganda banquma ukukhonza isigodi sabo njengoba noJesu ezokhonza. Bahlela ngokucophelela iphrojekthi yabo yokuqala: behlanza udoti endaweni ezungeze ibha yenadawo. Ababili besifazane bangena ngesibindi kwiBha yendawo. (Ngemvamisa, abesifazane abangenayo kuphela kwiBha yizifebe.) Bacela imvume yokuhlanza udoti. Abanikazi ngokushaqeka bahleka kodwa bavuma. Abesifazane baqoqa umphakathi, nabantu abaningi abangamaVolontiya. Iqembu lagubha imigodi emibili: enye kudoti obolayo futhi enye eyezinto ezingaboli. When bar patrons saw others cleaning up their trash, they helped. Ngokujabula komphakathi, abanikazi beBha baqhubeka ngokugcina indawo ihlanzekile. Bekhuthazekile, omunye wabesifazane wanquma ukukhanda izitofu eziyisishiyagalolunye ezonga uphethiloli emindenini yendawo futhi nokunikezela ngamabhodo wokugcina amanzi kubantu abasweleyo. okulandelayo, iqembu elifunda ngezeBhayibheli baqala iprojekthi enkulu: intengiso emphakathini. Ikakhulu abesifazane besigodi bebahamba amahora amaningi, bebethwala imifino nezinto abazithengisayo ukuzidayisa ekudeni. Indawo yokudayisa eseduze izobenza benze amali ngenkathi ibenza babe seduzane nemindeni, umphakathi, nensimu. Umhlaba bebawunikiwe, kepha bokunzima ukuqala ukwakha intgengiso kubantu. Abesifazane abafunda ngezeBhayibheli bakhuleka, abasebenzi bezitaladi bebelungisa umgwaqo maduzane bazizela nogandaganda bezolalisa umhlaba wesakhiwo ngaphandle kokuba khokhisa. Ngosizo oluvela kuNkulunkulu iqembu elincane labesifazane bamaKrestu wasemakhaya bathola futhi baqoqa izinto, balonda imali, baxazulula izinkinga, futhi bakha indawo yokuthengisa emphakathini. Izimpilo zabo zesimoya zakhula ngokukhonza abanye endaweni kaJesu.

- Kwenzakalani kulezindatshana ngokulandelana?
- Ngenxa yabantu kulezindatshana, ingabe imiphakathi iye yasondela eduze ngendlela uJesu bekahlose ukuthi baphile ngayo? Kungani?
- Eyiphi eminye yemisebenzi lamaqembu ayenzule?
- Ungenza kanjani okufanayo emphakathini wenu?

Sonke singaba yinxenye ekuboneni imiphakathi yethu iphenduka kakhulu ngendlela bekahlose ngayo uNkulunkulu.

Inguquko yomphakathi ezindaweni ezine

Injongo yethu kuloluhlelo ukuphila ngendlela uNkulunkulu ahlele ngayo futhi nokusiza abanye benze okufanayo. Njengoba senza, sizobona izinguquko emiphakathini yethu.

INGXOXO YEQEMBU ELIKHULUSSION

- Usazikhumbula izindlela ezine ukufuneka sizikhulise njengoba uJesu wenza? (Luke 2:52)
- *Ingqondo, Umzimba, ubudlelwano, futhi nasemoyeni*

Uma simlalela uNkulunkulu kuzo zonke izinxenye zempilo, sizobona umbuso kaNkulunkulu wakheka emphakathini wethu. Indlela eyodwa yokwakha esingayisebenzisa ukucabanga izindawo ezahlukile esifuna ukuzibona emphakathini ziguqukile noma ukhule ube ngalendlela uNkulunkulu ehlose ngayo ukwenza ngokubuka lezindawo ezine—umqondo, umzimba, ubudlelwano, kanye nomoya

INGXOXO YEQEMBU ELINCANE

Imiyalo Yomgqugquzeli: *Buza iqembu ngalinye ukuthi licabange ngezinguquko abangathanda ukuzibona zenzeka emiphakathini yabo ngaphansi kwezihloko ngasinye—umqondo, umzimba, ubudlelwano, kanye nomoya (kwi shadi nama amanye amaphepha). Khumbuza iqembu ukuthi ezobudlelwano zimayelana nobudlelwane bethu (isibonelo, umshado, ubuzali, ubudlelwano nomakhelwane, futhi nobunye ebandleni). Umzimba kufaka ezezimali, ukusebenza, nezempilo. Zingaphinde zikhombe kwimiqondo yangaphambili abaye bayenza kwinxenye yokuqala yalesisifundo—uJesu engumholi womphakathi wethu.*

BIKA EMUVA

INGXOXO YEQEMBU ELIKHULU

Kuhlelo lwethu sijwayele ukuzibona lezinguquko. Ingabe ziyizinto ongathanda ukuzibona zenzeka?

1. uMoya
    a. Abantu beza kuKrestu – Ivangeli
    b. Ubudala obukhulayo – Umlandeli
2. Umzimba
    a. Izindlu ezingcono
    b. Ukuphila kangcono – Ezolimo/Imigwaqo nokuphathwa kwezimali kangcono
    c. Ezomtholampilo zithuthukile
3. Ubudlelwano
    a. Umphakathi ongcono kanye nobudlelwano nohulumeni
    b. Imishado engcono
    c. Abazali abangcono
4. Umqondo
    a. Imfundo yabadala nezingane
    b. Ukwanda kolwazi nokusebenza ngezandla

Isiphetho

INGXOXO YEQEMBU ELIKHULU

uNkulunkulu naye ulangazelela ukubona umphakathi oshintshile sibe njengombuso wakhe. uJesu wasikhuthaza ukthi sikhuleke ukuthi umbuso wakhe mawufike emhlabeni njenjasezulwini' wasitshela 'ukuthi sifune umbuso kuqala.'

- Ake ucabange ukuthi kuzoba njani ukuphila emphakathini lapho wonke umuntu ephila ngokumamela uNkulunkulu ngokuphelele kuzindawo zozine? Kuzaba nemindeni ethokozile nomakhelwane abajabulile, besizana futhi behlala ngokuthula; ngeke kube khona ukuphikisana noma ukulwa

nokungathembani.

- Yngathanda ukuphila emphakathini onjalo? Kungani?

uNkulunkulu usiphe umbono othokozisayo: umbono woMbuso wakhe uza emhlabeni. Ufuna sibe yinxenye yokwakha umbuso wakhe emhlabeni. Cabanga ukuthi umhlaba bowuzoba njani uma wonke umuntu bekamlalela uNkulnkuluBekuzoba njengaseZulwini! Yize siyazi ukuthi lokhu ngeke kuphelele andukuba uJesu abuye, singaqalisa ukusebenza kulombono esiwuphiwe nguNkulunkulu.

Imihla nemihla kufuneka sivuke sicabanga ngalokhu:

1. Ngingawakha kanjani uMbuso kaNkulunkulu namuhla?
2. Ngingenzani ukukhulisa uMbuso kaNkulunkulu?
3. Ngingaphila kanjani ngomthetho kaNkulunkulu?
4. Ngingawusiza kanjani umndeni wami / nomphakathi ukuthi wenze okufanayo?

UMSEBENZI WEQEMBU ELINCANE

- Cabanga ngezinto ezimbili ongazenza luleli sonto ukuletha uMbuso kaNkulunkulu emphakathini wakho.

Thandazani ndawonye nicele uNkulunkulu usizo lwakhe lokuletha uMbuso wakhe emphakathini wakho.

Isifundo 5: Ukwakha uMbuso kaNkulunkulu

Umqondo osemqoka: Uma sikhoza abanye sizobona imiphakathi yethu iguquka kancane kancane iba njengoMbuso kaNkulunkulu

Izinto zokusebenza:

1. Umhlahlandlela Womfundi: Izindatshana zikaNkosikazi. Lee nemiNdeni eswelayo nemibuzo exoxwayo
2. Umhlahlandlela Womfundi: Umndeni owodwa womKrestu wenza umehluko indaba nemibuzo

Qala ngawe noMndeni wakho

INGXOXO YEQEMBU ELIKHULU

Ukwakha uMbuso kaNkulunkulu kulandela indlela elula:

Imiyalo Yomgqugquzeli: *Dweba lendlela ebhodini noma kuPhosta.*

Wena ➔ Umndeni wakho ➔ Umphakathi wakho ➔ Izwe lakho

1. Qala ngawe

Isinyathelo sokuqala ukubona umbuso kaNkulnkulu wakhekile empilweni yakho, emndenini wakho, ebandleni lakho, emphakathini wakho, futhi nasezweni lakho ukuthi uzihlole wena. Ingabe uyazama ukumlalela uNkulnkulu kuzo zonke izindawo zempilo yakho?

2. Fundisa futhi ukhuthaze umndeni wakho

Uma uqala ukulalela uNkulunkulu kuzo zonke izindawo zempilo yakho, udinga ukukhuthaza umndeni wakho wenze ngokufanayo.

3. Cela kuNkulunkulu akusebenzise ukuthanda abanye

Qala ukhuleke ucele uNkulunkulu akusize ukwenza umehluko kwabanye. Funa amathuba. Njengoba ubona abantu abaswele,cela uNkulunkulu akubonise ukuthi ungabasiza kanjani labo bantu.

4. Khonza abanye

Zibandakanye Kumsebenzi wothando bese uthola enye yezindlela zokukhonza. Noma uzizwa ukuthi ngeke wenze okwanele, kufanele usebenzise onke amatalenta uNkulunkulu akunikeze wona ukukhonza. mawukhonza, uzoqala ukhule bese bese siyathola ukuthi ungenza okungaphezulu.

Ukufunda ukukhonza abanye

Kulesisifundo sizobona ukuthi singawukhonza kanjani umphakathi wethu—singabasiza kanjani abanye ngaphandle kokusebenzisa imali eningi noma ukwenza ukuthi sincike kwabanye.

INGXOXO YEQEMBU ELINCANE

Cabanga sengathi kunomndeni ontulayo kumphakathi wenu. Eyiphi enye yezinto ebeningayenza ukusiza lowomndeni?

BIKA EMUVA

uNkosikazi Lee owesifazane wangempela wase Asia, kepha igama lakhe liye laguqulwa. Wayelangazelela ukusiza imindeni ehluphekayo kumphakathi wakhe, ikakhulu labo abangasebenzi. Waqala ukuvakashela eminye yemindeni inyanga nenyanga efuna indlela yokubasiza baphile. Nazi izindatshana ezintathu kweziningi ukuthi beke khona kanjani ukusiza imindeni.Zonke lezindaba ziyiqiniso.

INGXOXOYEQEMBU ELINCANE

Emaqenjini wenu fundani izindaba ezintathuzakaNkosikazi Lee ku **KUMHLAHLANDLELA WOMFUNDI** bese niphendula imibuzo.

Indaba 1 uNkosikazi Lee kanye nengadi yezimbali

Endaweni yakhe, bekunomndeni ohluphekile nabantwana ababili. Bobabili umama nobaba bebangasebenzi. uNkosikazi Lee wema ngokuba evakashile wayeseqaphela ukuthi kunomhlaba omncane onomhlabathi phambi komuzi wabo. 'Kungani ningatshali izimbali?' wabuza. 'Ningenza ikhaya lenu libe lihle futhi nibuye nithengise emakethe eseduze.'

Umama kulomuzi wenza njalo futhi waqala ukuthatha izimbali azikhulisile aziyisa emakethe ukuyozidayisa. Washesha wathola ukuthi abathengi bebefuna ezinye izinhlobo zezimbali, kepha beka nomhlaba omncane futhi bekangakhoni ukutshala enye inhlobo. Lo mama, ndlela thize, waqala wathenga izimbali kwabanye abazikhulisayo wazithengisa, kunye nezakhe ukuthi athole inzuzo. Ngoba manje enendawo encane emakethe ukuthengisa izimbali, wayese cabanga ngaphakathi, 'Ngingadayisa nokunye futhi!' Uvuka kuseluvivi kakhulu ukuyothenga ubhanana nekhukhunathi ukuzidayisa emakethe endaweni yakhe yezimbali.

Indaba 2 – uNkosikazi Lee nobhatata

Omunye umndeni obowudinga usizo bebafuna ukusebenza kodwa bengazi ukuthi benzeni bebengena lwazi mlomsebenzi wezandla.Basebenza njengezisebenzi zansuku zonke, kepha imvamisa bebengakwazi ukuthola umsebenzi. Unkosikazi Lee wayebona ukuthi lo mndeni usebenza kanzimafuthi uyafuna ngempela ukusebenza, ngakho-ke wavakashela omunye umndeni esontweni owawungabalimi bobhatata, uma bekunemakethe enhle, nokuthi yiziphi izinto ezidingekayo ukuqala ukulima ubhatata.

Lapho ethola ukuthi kwakuwumsebenzi omuhle, wachazela umndeni ukuthi uNkulunkulu usibizile ukuthi sithande omakhelwane bethu futhi sibheke nabampofu. Wababuza ukuthi bangathanda yini ukufundisa lo mndeni ompofu ukuthi ungaba ngabalimi bobhatata. Bavuma. Unkosikazi Lee wethula le mindeni emibili. Umndeni ompofu wawuthokozile ngokuthi manje sebezokwazi ukwenza okuthile, futhi bahamba ngokushesha futhi baqasha indawo encane nakho konke okwakudingeka ukuqala. Ekupheleni konyaka, bathola isivuno esihle futhi bakwazi ukukhokha irenti yomhlaba, imali yembewu, futhi baba nenzuzo enhle yomndeni.

Indaba 3 – Unkosikazi Lee nokubuyisana komndeni

Umndeni wesithathu uNkosikazi Lee ufuna ukuwusiza wawuhlukanisiwe nabazali bawo. Abazali babekholelwa ukuthi indodana yabo nomndeni wayo babengenalusizo futhi babengeke babe yilutho. Unkosikazi Lee uhlangane nomndeni ukuzama ukuhlanganisa lezi zinhlangothi zombili. Unkosikazi Lee uqinisekise ukuthi uzohlangana njalo nomndeni futhi awusize enze ngcono izimpilo zawo uma abazali bezimisele ukwamukela umndeni ubasize kancane. Ngenxa yalokho, abazali bathatha isinqumo sokuphinda bathembe indodana yabo futhi banquma ukuyiboleka imali ethile ukuze ikwazi ukuqala ibhizinisi lensimbi elilahliwe. Manje uthenga izinto ezindala, esezenziwe nge-Iron azidayisele esitolo sendawo sokuphinda usebenzise kabusha. Manje useyakwazi ukondla umndeni wakhe futhi uzizwa sengathi unesithunzi.

1. Wenzani Unkosikazi Lee emndenini ngamunye?
    a. *Unikeza iseluleko nesikhuthazo*
    b. *Bavakashela abanye, njengomndeni otshala ubhatata ukuze bafunde ukuthi kunenzuzo, nokuthi bazimisele yini ukusiza.*
2. Waba yini umphumela wezenzo zikaNkosikazi Lee?

    a. *Abantu babenemisebenzi futhi bekwazi ukondla imindeni yabo.*
    b. *Abantu babe nokuziqhenya ngoba bekwazi ukwenza okuthile ukuzisiza.*
3. Bekuzokwenzekani ukube uNkosikazi Lee ubevele anikeze imali noma ukudla kubo bonke laba bantu?
    a. *Bebengeke bashintshe.*
4. Ukube uNkosikazi Lee ubebanike imali isonto ngalinye iminyaka emibili bese eyeka, ucabanga ukuthi izimpilo zabo bezizothuthuka njengalokho zenzekile?
    a. *Cha, babezojwayela ukuthi uNkosikazi Lee abanikeze imali futhi babezoncika kulokho kunokusebenza.*
5. Uyini umehluko phakathi kokusiza ngemali nendlela uNkosikazi Lee asize ngayo?
    a. *Unikeze abantu amakhono nendlela ebonakalayo yokuzisiza.*
6. Ake ucabange ukuthi ngabe abaningi bethu baqala ukwenza njengoNkosikazi Lee - bevakashela imindeni belalela, sibheka futhi sixqonda izinkinga zabo, bese sifuna izixazululo. Uzoba yini umthelela emphakathini wakho?

BIKA EMUVA

Umndeni oswelayo

INGXOXO YEQEMBU ELIKHULU

Ake ucabange kukhona umndeni ohlala eduze kwesonto lakho. Umyeni uvame ukuhamba, kodwa kanye ngenyanga noma ezimbili ubuya izin suku ezimbalwa bese ebuya nemali encane yomndeni. uNkosikazi ubheke izingane zabo ezintathu futhi akekho noyedwa kubo ofunda isikolo. Imvamisa, izingane zigijima zingafake zicathulo futhi zigqoke izingubo ezindala kakhulu. Indlu yabo idilike ngokweqile futhi ibukeka kabi emvuleni. Kwesinye isikhathi kuzwakala izingane zikhala ngoba zilambile.

- Yiziphi ezinye izidingo lo mndeni onazo?

Ngaphezu kwanoma yini lo wesifazane mhlawumbe uzizwa engenathemba Abantu abaningi abangasebenzi akubona abavilaphayo njengoba singalindela . Imvamisa, bacindezelwa ubunzima bempilofuthi baba nenkinga yokukholwa ukuthi bangashintsha noma yini. Umsebenzi wakho obaluleke kakhulu ukubasiza babone ukuthi isimo singashintsha ngokubasiza ukuthi baqale ukushintsha. Ngenkathi isipho esincane selayisi silungile kulomdeni, uma ukwenza lokho ngaphezu kwesisodwa umane nje ubakhuthaza ukuthi bakholelwe ukuthi abanathemba. Abakudingayo yithemba lokuthi impilo ingashintsha.

INGOXO YEQEMBU ELINCANE

Imiyalo Yomgqugquzeli: *Sebenzisa* ***UMHLAHLANDLELA WOMFUNDI****: Imibuzo Ngegxoxo Yomndeni Odingayo*.

- Iyiphi indlela ongasiza ngayo ngokufana noNkosikazi Lee kulo mndeni?

Izimpendulo ezingenzeka:

- *Siza uNkosikazi nezingane ezincane ukuthi bathole imali. Banomhlaba noma amakhono athile akhethekile?*
- *Siza izingane ezincane ukuba ziye esikoleni. Thatha umama ukuyoxoxa nabantu ehhovisi lohulumenibasekhaya ubone ukuthi bangakwazi yini ukuthola iphepha lokungena mahala esikolweni noma ngabe kunohlelo lokufunda olwenzeka endaweni yangakini . Thola ukuthi yiluphi usizo olutholakalayo.*
- *Qoqa izingubo ezisetshenzisiwe esontweni bese uzama ukunikeza ingane ngayinye izingubo eziyisisekelo.*
- *Qala ukuvakasha noMama njalo futhi amkhuthaze ukuthi abone ukuthi impilo ingahluka.*
- *Siza umndeni wakhe kabusha indlu. Cela abantu abambalwa abavela esontweni ukuba beze bazosiza*

ngomsebenzi, kepha sebenzisa izinto umndeni onazo kanye nokusetshenziswa kwezingane. Abaneminyaka engamashumi nambili banamandla amaningi!

- *Khuthaza umndeni ukuthi uqale ingadi encane ukutshala imifino ukuze bathole ukudla okungcono.*
- *Nikeza umndeni amtshwele ambalwa bese uthola omunye umuntu ongawusiza ufunde ngokufuya izinkukhu.Uma kunesidingo, gcina izinkukhu endlini yakho ukuze umndeni ungalingeki uzidle ngokusheshe bese ucela enye yezingane ukuthi ifike nsuku zonke ukuzolanda amaqanda nokunakekela izinkukhu. Qiniseka ukuthi uyabafundisa ukuthi zinakekelwa kanjani kahle izinkukhu . Thintana nomndeni wendoda nonkosikazi.*
- *Bangasiza nganoma iyiphi indlela?*
- *Siza umndeni ukuthi uhlele kangcono ukuthi imali yomyeni ingayisenzisa kanjani. Bangatshala kokunye okuzobanika imali ethe xaxa ngokuzayo? Bangakwenza kanjani kagcono ukuthi kuhlale isikhathi sonke?*

Imiphakathi

INGXOXO YEQEMBU ELINCANE noma ELIKHULU

Imiyalo Yomngqugquzeli: *Yamaqembu afundile, sebenzisa* ***UMHLAHLANDLELA WOMFUNDI*** *bese ucela abafundi ukuthi bafunde le ndaba futhi baxoxe ngemibuzo ngamaqembu. Amaqembu angafundile wona funda indaba eklasini ukuze baxoxe ngayo.*

